# IThanda yandise awaseKZN kwesikhulu

**MINENHLE MKHIZE**

EseRichards Bay
Thanda Royal Zulu (1) 2
Stellenbosch FC (0) 1

ITHANDA Royal Zulu yandise isibalo samaqembu aKwaZulu-Natal agijima ku-Absa Premiership izibekisela indawo esigabeni esikhulu ngesikhathi iqumba phansi iStellenbosch FC ngo-2-1 emdlalweni weNational First Division (NFD, eMhlathuze Sports Complex, eRichards Bay izolo ntambama.

Amagoli afake Amabhubesi esigabeni esikhulu avalelwe enethini nguKhotso Malope noMichael Gumede kwathi eleStellenbosch lashaywa nguMame Niang (obekuyiphenathi).

Njengamanje iKZN isizoshaya ngamaqembu amathathu esigabeni esikhulu njengoba iLamontville Golden Arrows neMaritzburg United belwela ukungena kuTop 8 esigabeni esikhulu. IThanda bese kuphele iminyaka izabalazela ukubuyela kuPremiership. Yagawulwa yizembe ngo-2008/2009.

Ukubuya kweThanda kusho ukuthi abalandeli bebhola eKZN bazozitika ngemidlalo engu-45 yeligi ekhaya. Kwenzeka lokhu nje AmaZulu neRoyal Eagles basethubeni lokungena kuma-Play Off ayisango lokungena esigabeni esikhulu.

Njengejwayelo abalandeli bebeyipende yabomvu inkundla yaseMhlathuze. Babodwa abebebhiyoza ngokuhlabelela izingoma zebhola kanti abanye bebehlezi phansi ubona ukuthi babambe umoya.

Ngaleso sikhathi iThanda iyona ebiphethe umdlalo kubhoke uMalope noJabulani Ncobeni. Yize iThanda ibizenzela kodwa iStellenbosch besiyingozi uma idlala amabhola asemoyeni ngenhloso yokuthola uNiang.

UXolani Ngcobo uvimbe ibhola elinzima ebelingqofwe nguNiang ngomzuzu ka-32. Akuphelanga mizuzu emingaki uMalope wadonsa umgundatshani awuzwe ngendaba uWashington Arubi ezintini ngoka-35.

Kulo mdlalo kuyiwe ekhefini kungu-1-0. Zithe zibuya ekhefini umqeqeshi weThanda, uRoger Sikhakhane, wadonsa uMhlengi Cele kwathi endaweni yakhe wafaka uSduduzo Dlamini.

UNgcobo wenze iphutha ngomzuzu ka-53 ephasela uBoikanyo Nkomane eduze kwebhokisi. Uvele watatazela waliphasa emoyeni okwenze uNkomane wahluleka ukulicima okuholele ekutheni awise uPetrus Shitembi. Unompempe uPhillip Tinyane ubeke iphenathi evalelwe enethini nguNiang.

Ngoka-58 uGumede ubeke iThanda phambili ngemuva kwebhola aligotshelwe ngukaputeni u-Innocent Maele. USikhakhane akaqali ukunyusela iqembu esigabeni esikhulu. Ngo-2011/2012 wasiza iChippa United yadla umhlanganiso kuma-Play Off.

Ngokusho kwezikhulu zeThanda leli qembu lizoqhubeka nokudlalela eRichards Bay noma selikuPremiership.

**Imiphumela yeNFD:**

Santos 1-1 Jomo Cosmos; Milano 1-0 AmaZulu; Thanda Royal Zulu 2-1 Stellenbosch; Royal Eagles 0-0 Black Leopards; Mbombela United 3-1 FC Cape Town; Magesi FC 1-0 Cape Town All Stars; Mthatha Bucks 0-0 University of Pretoria; Real Kings 1-1 Witbank Spurs

| Amaqembu | P | W | D | L | GF | GA | Pts |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Thanda | 27 | 15 | 11 | 1 | 46 | 21 | 56 |
| Leopards | 27 | 12 | 8 | 7 | 39 | 33 | 44 |
| Stellenbosch | 27 | 12 | 7 | 8 | 36 | 27 | 43 |
| Royal Eagles | 27 | 11 | 8 | 8 | 47 | 35 | 41 |
| AmaZulu FC | 27 | 12 | 5 | 10 | 44 | 34 | 41 |
| Witbank | 27 | 11 | 8 | 8 | 36 | 34 | 41 |
| Mbombela | 27 | 11 | 7 | 9 | 39 | 27 | 40 |
| Mthatha | 27 | 8 | 13 | 6 | 35 | 35 | 37 |
| Real Kings | 27 | 9 | 9 | 9 | 35 | 30 | 36 |
| Cosmos | 26 | 9 | 8 | 9 | 27 | 26 | 35 |
| Pretoria Unive | 27 | 9 | 6 | 12 | 29 | 39 | 33 |
| CT All Stars | 26 | 6 | 11 | 9 | 19 | 26 | 29 |
| Milano United | 27 | 9 | 2 | 16 | 33 | 52 | 29 |
| Magesi | 27 | 7 | 7 | 13 | 27 | 39 | 28 |
| FC Cape | 27 | 6 | 10 | 11 | 32 | 45 | 28 |
| Santos | 27 | 3 | 10 | 14 | 15 | 36 | 19 |



**ABADLALI beThanda Royal Zulu nomqeqeshi uRoger Sikhakhane bejabula ngemuva kokushaya iStellenbosch FC okwenze babuyela ku-Absa Premiership ngemuva kwesikhathi eside bedukuza ehlathini. Umdlalo ubuseMhlathuze Sports Complex eRichards Bay izolo ntambama**

Isithombe: SIBONELO NGCOBO

ASIKHULUME
THUMELA umbono ngalolu daba kuFacebook (Isolezwe), kuTwitter (@isolezwenews) noma umqhafazo ku-45773. I-sms ibiza R1,50.




This article is copyright protected and licensed under agreement with DALRO. Redistribution, modification, re-sale of this is not allowed without prior written consent of the original author of the works.